

Lencwadi ikunika ulwazi mayelana nokusokwa kwabesilisa kanye nokuvikela isandulela ngculazi.

Kuyini Ukusokwa Kwabesilisa ?

Leligama “Ukusokwa Kwabesilisa” lisho ukunqunywa kwejwabu esithweni somuntu wesilisa sangasese. Emhlabeni jikelele ukusokwa kwenziwa ngenxa yezenkolo, usiko, ezempilo, kanye nezinye izizathu. Balinganiselwa ku 30% abesilisa emhlabeni wonke abasokiwe. Leligama “Ukusokwa ngokwezempilo Kwabesilisa” kusho ukususwa ngokusikwa kwejwabu ngu muntu oqeqeshiwe wezempilo. Zikhona ezinye izindlela zokusokwa ezibizwa “ngokusokwa ngokosiko” lokhu kufaka izindlela ezahlukene zokunquma ijwabu , okuvame ukwenziwa abantu abangebona abasebenzi bezempilo.

Yini eyaziwayo ngokusokwa kwabesilisa kanye nokuvikela isandulela ngculazi?

Izifundo zocwaningo ezintathu(3) kamuva zihlole ukuthi ngabe ukusokwa ngokwezempilo kungabavikela abesilisa ukuthola isandulela ngculazi ngokocansi. Lezizifundo zazifake abesilisa abangaphezu kuka 10 000base Kenya ,Uganda kanye naseSouth Africa. Lezizifundo zathola ukuthi abesilisa abasokiwe babehlisa amathuba okutheleleka ngesandulela ngculazi ngokunguhhafu kunalabo besilisa ababengasokiwe.ngamanye amagama , ukusokwa kwatholwa ukuthi kunomthelela ongu 50% ekuvikeleni abesilisa ekutholeni isandulela ngculazi.Enye indlela yokuchaza lokhu ukucabanga ngabantu besilisa abangu 10 abangahle bathole isandulela ngculazi ngokwenza ucansi olungaphephile nomuntu wesifazane utheleleke ngesandulela ngculazi.Kulaba besilisa abangu 10, ukusokwa kungalindeleka ukuthi kuvikele abangu 5 babo ekuthelelekeni ngesandulela ngculazi.

Ukusokwa kwabesilisa ngokwezempilo kuyindlela enomthelela yabesilisa yokwehlisa amathuba okuthola isandulela ngculazi.Kodwa ke ukusokwa akuniki ukuvikela okuphelele kusandulela ngculazi.Ngenxa


yalokhu ukusokwa kumele kusetshenziswe kanye nezinye izindlela ezaziwayo zokuvikela isandulela ngculazi, kuhlanganisa ukusebenzisa amakhondomu ngendlela futhi ngasosonke isikhathi.

Yini futhi okunye okwaziwayo ngokusokwa kwabesilisa ?


Kukhona okunye okubalulekile mayelana nokusokwa kwabesilisa a lokhu abesilisa kanye nabesifazane okumele bakwazi. Ukusokwa kwabesilisa akuvikeli abesifazane ekutholeni isandulela ngculazi. Abesilisa abenengculazi futhi abasokiwe bangandlulisela isandulela ngculazi komaqondana babo.Owesilisa unamathuba amaningi okundlulisela isandulela ngculazi kumaqondana wakhe ngalesikhathi esanakusokwa, ngaphambi kokuba kuphole inxeba.ngenxa yalokhu , owesilisa osuke esanakusokwa kumele alinde inxeba lakhe liphole ngokuphelele ngaphambi kokwenza ucansi.



Uma unemibuzo noma udinga ulwazi olengeziwe , sicela usivakashele iklinihi yocwaningo:



Uma unemibuzo esheshayo noma izikhalazo , ungahle futhi usithinte :



Ulwazi mayelana
nokusokwa kwabesilisa
kanye nokuvikela
isandulela ngculazi

